# INQUBO YOKUHLAZIYWA KOMTHELELA KWIMVELO

**UKUTHELWA KOMLOTHA OKUQHUBEKAYO OKUHLONGOZWAYO EZINDAWENI ZOKUCHITHA UMLOTHA EZIKHONA, E-TUTUKA POWER STATION, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA**

**Inkomba yoMnyango wezeMvelo: 14/12/16/3/3/3/52 ne DEA/EIA/0001416/2012**

Lapha kwenziwa isimemezelo ngokuhambisana nezimiselo zemitheshwana yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) ezashicilelwa ku-Government Notice R543 yangomhla ka 2 Agasti 2010 ngokuhambisana neSigaba 24 (5) somthetho wezwe lonke wokunganyelwa kwemvelo i-National Environmental Management Act (Act No. 107 of 1998) (NEMA) kanye ne-Government Notice 718 yomhla ka 3 Julayi 2009 ngokuhambisana nezimiselo zeSigaba 19 somthetho wokunganyelwa kwemvelo ezweni lonke: uMthetho wokulahlwayo i-National Environmental Management: Waste Act (Act 59 of 2008) (NEMWA); ukuthi abakwa-Eskom Holdings SOC Limited bahlongoza ukuqhubeka nemisebenzi yabo yokuchitha umlotha e-Tutuka Power Station esifundazweni saseMpumalanga.

Umsebenzi ohlongozwayo umbandakanya idlanzana lemisebenzi ebhalwe ohlwini ngokuhambisana nezimiselo zomthetho wezwe lonke wokunganyelwa kwemvelo (NEMA) nemitheshwana yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) ka 2012 kanye ne-NEMWA edinga ukugunyazwa. Izinombolo zemisebenzi esohlwini ezihambisana nemisebenzi eqhubekayo yokulahlwa komlotha e-Tutuka Power Station, yakwa-Eskon e-Standerton, zikhonjiswe ethebulini elingezansi. Uma ungafisa ukuthola ikhophi ephelele yalemisebenzi ebhaliwe, sicela uxhumane nalabo okubuzwa kubona ngokubamba iqhaza komphakathi (Public Participation Consultants), imininingwane yabo ehlinzekiwe ngezansi.

| | | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **NEMA** | Inombolo. R. 544 | 9 | 11 | 18 | 22 | 24 | 28 | 37 | 39 | 40 | 47 | 49 |
| | Inombolo. R. 545 | 6 | 15 | 26 | | | | | | | | |
| | Inombolo. R. 546 | 4 | 16 | 19 | 24 | | | | | | | |
| **NEMWA** | GN 718 - Isigaba A | 19 | | | | | | | | | | |
| | GN 718 - Isigaba B | 9 | 11 | | | | | | | | | |

Ngenxa yokuthi umsebenzi umbandakanya imisebenzi engaphansi kwe-NEMA ne-NEMWA, isicelo esihlanganisiwe sethulwa eMnyangweni kazwelonke wezindaba zemvelo (National Department of Environmental Affairs)**.**

## *ISIMEMEZELO SOKUHLAZIYWA KOMTHELELA KWIMVELO KANYE NENQUBO YOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI*

Abakwa-Lidwala Consulting Engineers (SA) (Pty) Ltd sebeqokwe njengabahlaziyi bomthelela kwimvelo abazimele ukuthi benze ukuhlaziywa komthelela kwimvelo okudingekile (EIA) kanye nenqubo yelayisense yokulahlawayo, kanye nokwenza inqubo yokubonisana nomphakathi
ehambisana nalokho.

Umbhalo wolwazi lokwendlalela (BID) usulungisiwe ukuhlinzeka ngolwazi mayelana nomsebenzi ohlongozwayo kanye nenqubo yokuhlaziywa komthelela kwimvelo (EIA) eyenziwayo. Uyacelwa ukuthi ubhalise njengomuntu onomdlandla kanye/noma othintekile (I&AP). Noma ngabe ngubani ongafisa ukubhalisa njengomuntu onomdlandla kanye/noma othintekile (I&AP), uthola ikhophi yombhalo wolwazi lokwendlalela (BID) noma athule ukuphawula kwakhe mayelana nomsebenzi ohlongozwayo, kufanele enze kanjalo ngokusebenzisa imininingwane yokuxhumana ehlinzekwe negzansi:

**Nicolene Venter noma Bongi Mhlanga**
**Lidwala SA (Pty) Ltd**

P.O. Box 32497, Waverley, 0135
Ucingo: (0861) 543 9252
I-Fax: (086) 764 9282
I-E-mail: tutukaeia@lidwala.com